



Ukuhlomisa izingane zethu  
ngelikusasa

Isiqinisiso 1

**Isihloko sesifundo: IBandla Elisha lobuPhostoli liqala ukusebenza**

# Umhlahlandlela womzali

Isikole sangeSonto      Isikole sasekhaya



# Mzali Othandekayo

Uyamukelwa kusifundo: **IBandla Elisha lobuPhostoli liqala ukusebenza**

Lomqulu ukunika umhlahlandlela ofanele wokuba ungasethula kanjani lesi sifundo.

## Ungasilungiselela futhi usethule kanjani lesi sifundo

Nanka amanye amasu ngezansi wokulungiselela nokwethula lesi sifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
1.	<p>Finyelela ku Webhusayithi ye-New Apostolic Church ngokufaka noma ngokuchofoza kusixhumanisi esilandelayo kusuka ku-WhatsApp: <a href="https://bit.ly/3NACSSH">https://bit.ly/3NACSSH</a></p>
2.	<p>Qoqa lezizinsiza zokufunda ezilandelayo ukuze uqiniseke ukuthi usihlomele lesisifundo:</p> <ul style="list-style-type: none"><li>• IBhayibheli</li><li>• Isifundo ngefomethi ye-PDF esivele silungisiwe</li><li>• Incwadi yengane yokusebenzela kanye namapensele, amakhilayoni, njll.</li><li>• I-Vidiyo kiliphi okuyisisiza sokufunda esingezekile / isisiza sokufunda ongazikhethela ngokuthanda kwakho</li><li>• Ikhathekizimu yemibuzo nezimpendulo (Ikakhulukazi kulesisifundo sesiQinisiso).</li></ul> <p><b>Qaphela:</b></p> <p>2.1: Isikhathi esifanele sokuthulwa kwalesisifundo, kungemuva kwenkonzo yangeSonto ekuseni, ngokuhambisana nesikhathi sesikole sangeSonto ukuze kugcinwe inqubo yesikhathi esijwayelekile.</p> <p>2.2: Uyacelwa ukuba ugcine isifundo sibe mfushane uma kunokwenzeka, khumbula izinga lokunaka kwezingane zethu (gxila esifundweni) - uyazi kangcono ingane yakho!</p> <p><i>Isikole sangeSonto ngokuvamile asidluli imizuzu engama-45.</i></p> <p>2.3: Lesisifundo silungele ibanga lesi<b>Qinisiso 1</b>.</p> <p>2.4: Uyacelwa uthinte uThisha wakho wesiQinisiso uma udinga noma yiluphi usizo noma uma udinga ezinye izinsizakufunda kulezi ezingenhla.</p>
3.	<p>Khuleka (bheka umkhuleko osekugcineni kwalomqulu) bese ucela uNkulunkulu ukuba akusebenzise njengethulizi ukwethula isifundo ngendlela Yena afuna ukuba usethule ngayo.</p>



# Fundisa lesisifundo sesikole sangeSonto ekhaya

## Ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo

Siyaqhubeka nokwabelana ngezeluleko ezithile zokuthi ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
4	Yenza indawo ilungele ukufundisa engenaziphazamiso lapho wena nengane / nezingane nisezingeni elifanayo. <b>Isibonele:</b> Hlala phansi ocansini noma eduze kwetafula.
5	Funda kulesisifundo. Phinda ufunde futhi isifundo ukuze usiqondisise kahle. Bukela lesisifundo sevidiyo kiliphu ukuze uthole ukuqonda okungcono ngalesisifundo.
6	Zenzele amanothi ngamaphuzu abalulekile ongathanda ukuwakhumbula.
7	Yazi inhoso yalesisifundo ingane yakho okufanele siyikhumbule.
8	Yethula lesisifundo enganeni yakho noma uyifundele lenandaba uma uthanda.
9	Khombisa ingane yakho ividiyo bese uphinde ubuyekeze incazel yayo.
10	Khombisa ingane yakho umsebenzi okufanele iwenze encwadini yayo yokusebenzela (I Also Want To....)
11	Khuleka, noma ucele ingane yakho ukuba ikhuleke bese uphetha isifundo.

## Izinsiza zokufunda ezitholakalayo mayelana nokufundisela ekhaya.

Nazi ezinye izinsiza zokufunda zokungezelela lesisifundo sibe sezingeni leqophelo:

1. I-WhatsApp. Xoxani ngesifundo sesi**Qinisiso -1** nomunye umndeni osifundayo nawo.
2. Xoxisanani ngesifundo nabanye abazali ukuze uthole ukuchazeleka kahle mayelana nesifundo ngaphambi kokuba sifundiswe.
3. Khululeka ukwenza olwakho ucwaningo ukuze uthole ulwazi olungezekile.
4. Khuluma noMxhumanisi wesikole sangeSonto webandla lakho noma uThisha wesiKole abazimisele ukukusiza.



## Isifundo

**Isihloko**

iBandla Elisha lobuPhostoli liqala ukusebenza

**Inhloso yesifundo**

Izingane zifunda ukuthi iBandla Elisha lobuPhostoli laqala kanjani - igatsha elisha lomsebenzi kaNkulunkulu liqala ukwenzeka.

## Isifundo esifingqiwe:

Namuha sizokwazisa ukuthi iBandla Elisha lobuPhostoli lathuthuka kanjani ngaphansi kwezihloko ezilandelayo:

- Ukubizwa kwabaPhostoli eJalimane,
- iBandla Elisha lobuPhostoli liba khona kanye
- UmPhostoli uPreuss.

### Isingeniso:

- AbaPhostoli baseBrithani banqaba ukwamukela ubizo IwabaPhostoli abaningi.
- Laba baPhostoli bacabanga ukuthi ngabaPhostoli abayishumi nambili kuphela abazosebenza ngesikhathi sokugcina.
- Kepha ngaleso sikhathi, kwakusasele abaPhostoli abayisikhombisa nje kuphela.
- UbuPhostoli bamaKhatholika babungeke bukhule uma bekungekho abaPhostoli abasele.

### Okuqukethwe:

- UmProfethi uGeyer wabiza abaPhostoli abambalwa esikhathini esedlule, kepha ukubizwa okusha kwabaPhostoli ngaye akuzange kwamukelwe.
- Lesisinqumo sabaPhostoli abangamaNgisi saphikisana nezitatinende ababezibhalile ebufakazini.
- UmProfethi uGeyer nguyena owayetshela iNgelosi (okungukuthi umphathi-bandla) yaseHamburg, uFriedrich Wilhelm Schwartz, ngemicimbi.
- Njengoba sikuqonda namuhla, uhlelo lukaNkulunkulu Iwensindiso Iwahlinzekwa ngentuthuko ehlukile kunaleyeyo eyabe icatshangwe ngabaPhostoli abangamaNgisi.

### Ukubizwa kwabaPhostoli eJalimane:

- Ekuqaleni, abaPhostoli uRosochacki (KuMfumfu 1862), uPreuss (KuMbasa1863), noSchwartz (KuNhlaba1863) babizwa eJalimane.
- Ngomhla-ka 30 kuMfumfu 1864 umProfethi uGeyer wabiza abanye abaPhostoli abane.



- Lokhu kwakuyisiqalo seBandla Elisha lobuPhostoli, namuhla eselisabalele dishe kuwo-wonke amazwe omhlaba.

### **IBandla Elisha lobuPhostoli liba khona:**

- KuMfumfu 1862, umPristi uRudolf Rosochacki, owayengumphathi-bandla le-Catholic Apostolic Church eKoninsberg, eJalimane wabizwa ukuba abe ngumPhostoli ngumProfethi u Geyer.
- AbaPhostoli bebandla lamaKhatholika abalamukelanga ubizo lwakhe.
- UmProfethi uGeyer nomphathi webandla laseHamburg, uWilhelm Swartz babenesiqiniseko sokuthi lolubizo bekungumsebenzi kaMoya oNgcwele.
- Ngenxa yokumvuma kwabo umPhostoli Rosochacki, kanye nokungamukelwa komPhostoli Woodhouse, ibandla laseHamburg laxoshwa eBandleni labaPhostoli bamaKhatolika.
- Ngakho-ke ukuqala kweBandla Elisha lobuPhostoli kwasukela ngomhla-ka 4 kuMasingana 1863.

### **UmPhostoli Preuss:**

- Ngomhla-ka 12 kuMbasa 1863 iDikoni laphimisa isiprofetho sobizo lomPristi uCarl Louis Preuss njengomPhostoli.
- Kamuva-nje umProfethi uHeinrich Geyer waluqinisekisa lolubizo.
- UmPhostoli Preuss wasebenza eNyakatho Jalimane.
- Kwakungekho nkululeko yezenkolo endaweni yaseHanover ngaleso sikhathi futhi umPhostoli kwakudingeke ukuba acele imvume kwabasemagunyeni yokubamba izinkonzo eziNgcwele. Waboshwa, wavalelwa futhi kwadingeka ukuba akhokhe inhlawulo.
- Kungekudala ngemuva kokubizwa komPhostoli Preuss, ngomhla-ka 25 kuNhlabu 1863, uFriedrich Wilhelm Schwartz naye wabizwa njengomPhostoli ngamalungu amanangi ayephiwe izipho ebandleni, kodwa futhi nangomProfethi uGeyer.
- NabaPhostoli uCarl Louis Preuss noFriedrich Wilhelm Schwartz, uNkulunkulu wakhiqiza igatsha elisha lomsebenzi waKhe lapho kwavela khona iBandla Elisha lobuPhostoli.



## Ingabe sisho ukuthini lesisifundo kithina namhlanje na?

- Sifunde ngemvelaphi yeBandla Elisha lobuPhostoli.
  - AbaPhostoli baseBrithani banqaba ukwamukela ukubizwa kwabaPhostoli abengeziwe ngokwenani.
  - Iqembu elasungulwa eJalimane labiza abaPhostoli abaningana, phakathi kwabo kakhona uRudolf Rosochacki kwathi kamuva kwaba ngumPhostoli uPreuss nomPhostoli uSchwartz.
  - UmPhostoli Woodhouse waxosha ibandla laseHamburg, ngoba amalunga alo avuma ubizo lobuPhostoli balamadoda aphawulwe ngenhla.
  - Ngalokho-ke, iBandla Elisha lobuPhostoli laqala ngonyaka ka-1863.

## Ulwazi Olwengeziwe:

### Imininingwane ngomPhostoli Rosochacki obizo Iwakhe Iwasusa umsindo...

URudolf Rosochacki wazalelwa eKönigsberg, eMpumalanga ye-Prussia (namuhla eyi-Kaliningrad, eRussia) ngoNhlaba 1818. Wayengumpetha wokwakha ngezitini futhi engumnikazi webhizinisi lokwakha. Ku-Catholic Apostolic Church wayengumPristi ebandleni laseKönigsberg. Ngomhla-ka 10 kuMfumfu 1862 wabizwa njengomPhostoli ngumProfethi uGeyer.

Ezinsukwini ezimbalwa ngemuva kokuqalwa kweBandla Elisha lobuPhostoli (4 kuMasingana 1863) umPhostoli Rosochacki waba ngaphansi kwethonya elinamandla labanye abaPhostoli, abaphumelela ukugxilisa kuye ngokungaqinisekile ngobizo Iwakhe njengomPhostoli ukuba kwakungaveli kuNkulunkulu. Ekugcineni wabese uyazithoba ku-mPhostoli Woodhouse, wasula emsebenzini wobuPhostoli ngomhla-ka 17 kuMasingana 1863. NgoMbasa 1863 uRudolf Rosochacki waphinde wanikezwa umthwalo wokuba yiNceku yokukhonza ebandleni lobuPhostoli bamaKhatholika okuwubizo alamukela futhi waqhube ka nokusebenza ebandleni laseKönigsberg.

Kukhona ibhayografii ethokozisayo yom**Phostoli Preuss** encwadini yakho yokusebenzela ekhasini 87.



## **UMkhuleko kaBaba noMama ngaphambi kwesifundo:**

*Nkulunkulu othandekayo, ngiyakubonga ngalolusuku*

## *Busisa bonke abazali nezingane*

## *Sengathi singabuzwa ubukhona baKho*

## *Busisa isifundo esizoba naso*

## *Sicela usifundise ukukukhonza*

*Futhi usisize ukwenza intando yaKho*

## *Ukuze sikhule sisondele kuWe*

## *Thumela uJesu azosilanda*

*Futhi kwangathi singalungela ukuhlangana na Ye*

Amen



## Notes